

Udadewethu uSello, uyisiThulu.

Ukhuluma uLimi Lwezandla.

Uma sivuka siyabingelelana.

“Sawubona,” sikhuluma ngezandla.



Uma siphakela izinhlanzi zethu ukudla, uSello ukhuluma nazo ngezandla.

“Sanibonani, ninjani?” ezibuza.

Ukhuluma nazo ngoLimi Lwezandla.



Uma sengilinde isikhathi eside ngaphandle kwendlu yokugeza, ngikhanyisa isibani ngiphinde ngisicishe kaningi.

Ngisuke ngitshela uSello ukuthi, “Yithuba lami manje!”



Sishanela isitubhi sisuse nokhula engadini.

“Bheka, isibungu esincane!” ngikhuluma noSello ngezandla.

Sifunda ngezibungu esikoleni.



Kamuva ngalolo suku, umama uyasithuma.

“Ngicela niyothenga ubisi noshukela, ngizobhaka ikhekhe,” esho ngezandla.



Uma sifika emgwaqeni, ngiqale ngeqa.

USello ungidonsa ngengalo. Ukhuluma ngezandla uthi, “Yima, khumbula ukuqalaza kuqala!”

Esitolo, siyahlukana. USello ufuna ushukela, mina ngifuna ubisi.



Ushukela useshalofini eliphezulu kakhulu, uSello akakwazi ukufikela.

Ucela usizo kumuntu omdala. Umuntu omdala akaluqondi uLimi Lwezandla.

USello ubhala umbuzo wakhe encwadini ayiphethe.



Ekhaya, sibhaka ikhekhe nomama.

Uma selipholile, silifaka ukhilimu.

“Waze wamnandi!” uSello usho ngezandla, njengoba enambitha ukhilimu.



Senza itiye, sinikeze ugogo wethu.

“Ngiyabonga,” kusho ugogo ngezandla.

“Ngiyajabula” kuphendula udadewethu ngezandla.



Emva kwetiye, siqoqa izitsha.

“Nguwe ozogeza izitsha!” kusho uSello ngezandla.



Ngalobo busuku, siyangana ngaphambi kokuba siyolala.

“Ulale kahle,” sisho ngezandla komunye nomunye.



ULimi Lwezandla

Ulimi Lwezandla yilona oluyisisekelo kubantu abayiziThulu. Kodwa noma ngubani angalufunda.

Ulimi lwezandla lufana nezinye izilimi, ngaphandle kokuthi lona alunamisindo.